# IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

## *28/2013 Intshumayelo ngesonto elithiwa Eksawudi, ngomhla ka 12. 05. 2013*

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.**

1. Iculo 138/332

2. **Umkhuleko:** Nkosi, Nkulunkulu wezulu nomhlaba, siyabonga, ngokuba usithembisile uMoya oNgcwele oyakusikhumbuza ngakho konke esikufundisiwe yiNdodana yakho. Ngakho sihlezi kulendawo, sithanda ukulalela izwi lakho kulelisonto elithiwa Eksawudi, elisigqugquzelayo ukuba silalele okukhulumayo nebandla lakho. Sesiyakumema ukuba ube nathi njalo, ngoba thina ngokwethu asikwazi ukuziphelelisa kulendaba, kodwa uma ukithi siyakuphumelela ukufinyelela khona lapho uthanda ukuba sibe khona. Siyacela kuwe ukuba usivumele ukukumema ngenxa yeNkosi yethu uJesu Kristu. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabase-Efesu 3:14-21;

   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuJohane 15:25-26; 16:1-4.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 133/115

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. **Ivangeli** ngohlelo lwesihlanu lilotshiwe kuJohane 14:15-19, lithi: UJesu uthi: "Uma ningithanda, niyakugcina imiyalo yami. Ngiyakucela kuBaba aniphe omunye uMduduzi wokuba ahlale kini phakade, uMoya weqiniso, izwe elingemamukele, ngokuba lingamboni, lingamazi; nina niyamazi yena, ngokuba uhlala nani, uyakuba-kini. Angiyikunishiya niyizintandana; ngiyeza kini. Kuseyisikhashana izwe lingasangiboni, kepha niyangibona nina, ngokuba ngiphila mina, nani nizakuphila." Amen.

8. **Intshumayelo:** Bathandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu, bazalwane enithandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu, kuyakuthi uJesu Kristu esechasisele abafundi bakhe ngalokhu abayakukwenza esephakanyisiwe (Joh. 14:12-14), waqhubeka ukubatshela ukuthi uzobuya ukubabuyisela kuye ukuba lapho ekhona babe khona nabo (Joh. 14:3). UKristu wabambulela ukuthi uyathanda ukuba babe othandweni olubonakalayo ngomsebenzi wakhe, wathi: "Uma ningithanda, niyakugcina imiyalo yami. Ngiyakucela kuBaba aniphe omunye uMduduzi wokuba ahlale kini phakade." Yiso isithembiso uKristu owayesinika abafundi bakhe, mhla eshiya lomhlaba, ebuyela kuYise. Wakhombisa ngalesisithembiso ukuthi akudingeki, noma akukho okungaba namandla okubakhalisa, uma engasabonakali ngamehlo kubo, ngokuba

uzocelela uYise ukuba abathumele uMduduzi omunye. Uma yena, njengoba enguMfundisi wabo engasekho emhlabeni, enguMduduzi wabo abambonile ngezinsuku zonke, engasabonakali emehlweni abo, ozobathumela ozohlala kubo njalo. UMduduzi lowo unguMoya weqiniso. Noma izwe lizohluleka ukumamukela, njengalokhu bonke bezohluleka ukumamukela ngokungabi nesivumelwano, noma ubudlelwane obupheleleyo noNkulunkulu. Bathandekayo, kwenzeka ukuba umuntu abe nobudlelwane beqiniso noNkulunkulu, uma uMoya weqiniso emkhanyisa, nokumngcwelisa. UKristu uyabaqinisa ekwazini ukuthi abafundi bakhe bayakumazi, ngokuba uyakuba nabo, futhi ukuyakuba kubo.

Ngakho lokhu uKristu wayesethi kubo: Angikunishiya niyizintandane; lesisithembiso siyalandelwa ngamazwi amahle, athi: Kuseyisikhashana izwe lingasangiboni, kepha niyangibona nina, ngokuba ngiphila mina nani nizakuphila. Lamazwi ungathi ayekwenza ukuba abfundi bakhe bacabange ukuthi bayizintandane nje, noma bangabantwana abashiyiwe nguyise, kodwa akwenzekanga, nokuba babeqonda nesithembiso sakhe esithi: "Ngobuye ngize, nginibuyisele kimi ukuba lapho ngikhona nibe khona nani, njengalokhu kulotshiwe endimeni yesithathu kuJohane 14.  Bangane eNkosini yethu uJesu Kristu, uma sikhumbula incaso yegama lesonto lanamuhla, ngisho Eksawudi, siyezwa ukuthi lisho ukuthi "Yizwa!" Khona lapha ezwini lentshumayelo yanamuhla siyezwa kahle ukuthi uKristu wathembisa abafundi bakhe ukuthi uyakubenzelani bona nebandla lakhe esevukile. Okukhulu okuthenjisiwe yilokhu: Abayikushiwa nje, bebodwa. Kuyisithembiso esikhulu kubo abamthandayo uNkulunkulu kanye neNdodana yakhe uKristu. Kwenzeka ngenxa yokuthi uKristu ngesibi sakhe ukukucela uYise ukuba asithumele uMoya oNgcwele, uMduduzi. Kuyintokozo enkulu kubo abazinikele ukukhonza uKristu. Mhla becabanga ukuthi bayakuba nosizi, umfundisi wabo esebashiyile. Kodwa wayengabashiyi bebodwa, wabashiya benoMduduzi omunye onguMduduzi weqiniso, obaduduzayo, nokubakhumbuza ngakho konke uKristu abayalé ngakho, abakufundisé. Lokhu kwathenjiswa nguJesu ukuba babe nesivumelwano esihle noNkulunkulu, kodwa uJesu wathi: Abezwe abangenaso bazohluleka ukwamukela, nokwazi loMduduzi. Kodwa bonke abanesivumelwano noNkulunkulu bazomazi, ngokuba uyakuba nabo, ahlale njalo kubo. Bazalwane, lokhu akusilo isizathu esikhulu sokuba sithokozele ukuvuka nokwenyuka kweNkosi yethu uJesu Kristu, ngokuba noma ngokwempela engasabonwa ngamehlo, njengoba wenyukele ezulwini, akasishiyi sisodwa nje, usithumelé osidududuza njalo ngezwi lakhe.

Isithembiso sesibili sithi iNkosi uJesu Kristu izobuya futhi, njengalokhu ithembisile endimeni yesithathu ngokusho ukuthi ngiya ukunilungisela indawo, ngobuye ngize, nginibuyisele kimi ukuba lapho ngikhona nibe khona nani, lowo nalowo ngokwakhe. Esizwayo ezwini

lentshumayelo yanamuhla kuyisiqiniselo sisipho esimangalisayo, isipho izwe elingasazi, kodwa saziwe kuphela yibo abanobudlelwane beqiniso noNkulunklulu. Ekuphileni kwethu siyahamba, samukela izipho ngenxa yezizathu ezahlukeneyo, njengalokhu sithokozela, uma kufika umntwana emhlabeni, noma kukhona imishado, ukuthata nokuthathwa, noma okunye. Kulendawo siyezwa okuhlukene kakhulu. Kulendawo bonke abakholwayo, nokuthanda uNkulunkulu kanye noKristu bathenjiselwa ukwabelwa uMduduzi omangalisayo uMoya oNgcwele, uMowa weqiniso. Lesipho asisiso esomhlaba, kodwa yiso uNkulunkulu sibi sakhe asithumela ikerike lakhe ukuba njengoba uKristu engasabonakali ngamehlo phakathi kwabo, uMoya weqiniso oNgcwele abe khona ekerikeni ngezwi namasakramente akhe ukuba aduduze amakholwa, awakhumbuze ngakho konke uKristu asenzele khona ngokusifela nangokuvuka kwabafileyo. Ngaphezu kwaleliqiniso uKristu uyakhumbuza ikerike, uyathembisa ukuthi akayikumuka ngokempela, uzobuya futhi, kungabi njengokucabanga kwezwe nomhlaba, Ngokwempela ekubuyeni kwakhe uyakulanda abakhe ngokukholwa nguye ukuba babe kuye enkazimulweni kuze kube phakade.

Konke lokhu kuyasipha isizathu esikhulu sokuba sihlale sibe nethemba elithokozisa inhliziyo, ngokuba siyazi ukuthi lokhu uKristu akuthembisayo, uyakukwenza ngesikhathi sakho. Kungumkhuleko wami ukuba uma iNkosi ithi: Yizwani, njengokusho kwegama lalelisonto, nathi silalele, sizwe, siqaphelisise izithembiso zikaKristu. Izithembiso zakhe ezingajabhisi, njengezomhlaba. UKristu uyacela uYise ukuba asithumele uMduduzi oyakusiduduza, ukuba singabi izintandane, ezishiywa oyise. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkulunkulu waphakade, Baba onomusa othembisile ukusipha uMoya wakho oNgcwele nomthetho omusha ezinhliziyweni zethu, siyacela ngenxa yobubele bakho obukhulu ukuba njengoba ukhulumile nathi namuhla, usicebise, thina esingabantwana bakho ngesithembiso izwe elingasazi, usabele uMoya wakho oNgcwele, asiduduze, asilondoloze ukuba sihlale njalo ezwini lakho ngentokozo enkulu, sikukhonze ngokubekezela, sikuhloniphe, sikudumise, sikhuleke njalo egameni likaJesu Kristu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 130/112

A kagiso ya Modimo e e fetang tlhaloganyo yotlhe e boloke dipelo le maikutlo a lona mo go Keresete Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2006 ngu-.O Shuping.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.